

ILIZWI LESIBONAKALISO



Wobani limile okwesikhatshana nje eBukhloneni beNkosi. Asibaleni okuvela eLizwini Lakhe, kuExodusi, isahluko 4.

...UMose waphendula wathi, Kodwa, khangela, kabayikungikholwa, kumbe ukulalela ilizwi lami: ngoba bazakuthi, iNKOSI kayibonakalanga kuwe.

Futhi iNKOSI yasisithi kuye, Kuyini lokho okusesandleni sakho? ...wasesithi, Yintonga.

Yasisithi, Iphosele emhlabathini. Futhi waseyiphosela emhlabathini, njalo yaba yinyoka; futhi uMose wayibalekela.

Futhi iNKOSI yathi kuMose, Yelula isandla sakho, njalo uyibambe ngomsila. Waselula isandla sakhe, futhi wayibamba, njalo yaba yintonga esandleni sakhe:

Ukuze bakholwe ukuthi iNKOSI uNkulunkulu waboyise babo, uNkulunkulu kaAbrahama, uNkulunkulu kalsaka, lo uNkulunkulu kaJakhobe, ubonakale kuwe.

Futhi iNKOSI yaqhubeka isithi kuye, Faka khathesi isandla sakho esifubeni sakho. Futhi wafaka isandla sakhe esifubeni sakhe: futhi lapho wathi esesikhiphele phandle, khangela, sasesilobulephero njengeqhwana.

Futhi wathi, Faka isandla sakho esifubeni sakho njalo. Futhi wasesifaka isandla sakhe esifubeni sakhe njalo; njalo wasesikhipha esifubeni sakhe, futhi, khangela, sasesiphenduke njengejwabu lakhe elinye.

Futhi kuzakuthi, nxa bengakukholwanga wena, kumbe ukulalela kulizwi lesibonakaliso sokuqala, bazakholwa ilizwi lesibonakaliso sesibili.

Futhi kuzakuthi, nxa bengakholwanga wena, lezi zibonakaliso ezimbili, kumbe bengalaleli ilizwi lakho, ukuthi wena uzakuthatha amanzi omfula, njalo uwathele emhlabathini owomileyo: njalo amanzi owakhiphe emfuleni azakuba ligazi phezulu... komhlabathi owomileyo.

² Asikhothamiseni amakhanda ethu ukuze sikhuleke. Manje ungaba lesicelo, kulintambama, ongathanda ukusazisa eNkosini, phakamisela izandla zakho phezulu njalo uthi, “Nkosi, ngikhumbule lami khathesi. Ngilesidingo.”

³ Baba Wethu oseZulwini, siyasondela Kuwe njalo kulintambama, sinanzelela ukuthi lapho sikhothamisa amakhanda ethu sikhangele ethulwini lapho esivela khona, njalo, nxa Wena ungaphuza, sizabuyela ethulwini. Kodwa

silethemba elibusisiweyo elesithembiso esikuKhristu, ukuthi bonke labo abakuNkulunkulu uKhristu uzakuba letha Laye. Si—siyakubonga Wena ngaso lesi isithembiso esilenkzimulo. Futhi ngiyathandaza, Nkulunkulu, ukuthi uzakhumbula Wena omunye lamunye wabo kwabaphakamise izandla zabo, lesami njalo, Nkosi.

⁴ Ngiyathandaza, lobubusuku, ukuthi ekuvaleni kwalelihora lokukholwa, ukuthi Wena uzakupha abantu ukukholwa okunjalo kulobubusuku, ukuba iNkosi uJesu izakuba luqobo kakhulu komunye lamunye wethu, ukuthi akuyikuba lomuntu obuthakathaka phakathi kwethu ngemva kwalobubusuku. Makuthi isoni sonke sinanzelele ukuthi siseBukhoneni beNkosi uJesu, futhike ephenduke izono zakhe, njalo enikele inhliziyi yakhe Kuwe, njalo egcwaliswe nguMoya, kulamahola okucina amabi, njengoba sikubona khona njengethunzi elikhulu linyenya phezu komhlaba.

⁵ Siyakhulekela, Nkulunkulu, ukuholwa kobuNkulunkulu, kulobubusuku, ukukhuluma njalo lokuzwa. Makuthi uMoya oNgewele athathe umhlangano khathesi njalo ahlephule iSinkwa seMpilo komunye lamunye wethu lapho silezidingo, ngoba siyakucela khona eBizweni Lakhe. Amen.

Lingahlala phansi.

⁶ Ngiyathemba ukuthi ngalobubusuku sizakwenelisa ukufeza lokhu esizama ukuthi senze abantu bakubone, u—uqobo lokuba lokukholwa kuNkulunkulu.

⁷ Manje, kusasa emini ngehola lesibili-lengxenyi, bonke abalamakhadi okuthandazelwa bazathandazelwa. Futhike ukuze siqiniseke ukuba akula osalayo, engelawo amakhadi okuthandazelwa, ubusuku ngabunye siyapha amakhadi okuthandazelwa. Futhi uzawanikeza njalo kusasa, phose... Mhlawumbe, phose ngo one-thirty kumbe okuthize okunjengalokho, lapho nje umhlangano ungakaqalisi. Futhi bonke abafisa ukuthandazelwa, noma ngubani wabathandekayo benu, bayekeleni babuye futhi bathole ikhadi lokuthandazelwa. Ngempela ba—bazakwamukelwa kulo ikhadi lokuthandazelwa. Futhi siya...

⁸ Ngifuna ukuthandazela abantu, ngokubeka izandla phezu kwabo lokubathandazela bona. Manje nxa ukholo lwakho lungeke luphakamele phezu eBukhoneni beNkosi uJesu futhi umemukele Yena njengoMsilisi wakho, futhi wena ukholwe ukuthi nxa singakhuleka njalo sibeke izandla phezu kwakho, ukuthi lokho kuzasiza, awuke, thina ngempela silapha ukuthi siyenze lobayini oyifisayo.

⁹ Isizatho esenze ngakwekela kwaze kwaphuza, kangaka, ngibona ukuthi wonke engingenelisa, ukuthi ongenelisa ukufika njalo athinte uNkulunkulu mayelana ngaleso sisekelo. Futhi asila abanengi. Kulo...Isakhiwo kasikho sikhulu, futhi ke

asilabo abantu abanengi. Futhi singathatha kusasa emini futhi sikhulekele bonke esilabo lapha, sibekela imini leyo njongo, ukuba sikhulekele abagulayo.

¹⁰ Futhi silapha ukwenza yonke into esingayenza ukusiza ukwenza impilo ibengconywana kuwe, ukwenza umthwalo ubelula, kuloluhambo esiluhambayo.

¹¹ Futhike loba kusiphi isikhathi, ukuthi loba ngubani ozwa kusithi—kusithi bangafuna ukubuya eNkosini uJesu, loba yiphi ingxenye yenkonzo enzekalayo, vele uhle ubuye. Ungalindeli kuze kwenziwe ukubiza elathini. Ungalindeli ukuze ukunxuswa kwenziwe. Wena vele uhle ubuye khonapho, umamukele uKhristu, ubuye ngapha phezulu njalo umvume Yena khonapho. Ngoba yiyo injongo yethu emqoka ukuba lapha, yikubona imphefumulo izalwa eMbusweni kaNkulunkulu.

¹² Futhi khateshi, kusasa yiSonto, njalo kuzaba lesikolo seSonto, amabandla. Isizatho sisiba lenkonzo zethu emini, ngeSonto, yikuthi singaphambanisi ngitsho noma yiphi inkonzo. Siyakholwa ukuthi wonke umKhristu kufanele abe le—le bandla lakhe lekhaya lapho angena kulo. Wonke umKhristu kufanele ukuthi ahlangani kwenye indawo labakholwayo. Futhi lobangaphi elihlangana khona, yilo ibandla.

¹³ Khateshi, aluba bengihlala lapha, bengizakuba ngomunye wamabandla lapha, lapho abafundisi labo abalapha, labo abasebenzelanayo, abawamelayo. Ngenxayani? Ngoba balapha behlezi phezulu kweplatifumu, ukuze babonwe ngabantu bonke, ukuthi bavumelana lalokho okwenzakalayo. Bayakholwa kulolu hlobo lwentshumayelo, ukusiliswa kobuNkulunkulu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, lokunjalo. Balapha besipha ubufakazi kukho. Yibo abanginxusileyo ukubuya lapha, ukuthi mhlawumbe intshumayezo iNkosi engiphe yona ingasiza amabandla abo.

¹⁴ Manje ngumelusi uqobo, odingayo yonke inzuzo kamoya angenelisa, kukho konke uNkulunkulu akwenzayo, ukuthi uzama konke angakwenelisa ukuncedisa ibandla lakhe ukuba liqhubekele phambili ngoNkulunkulu. Sibili ngiyethula ingowani yami ekubukeni umfundisi onjalo.

¹⁵ Njalo lamadoda akwenza lokho ngaphansi kobunzima, futhi. Ungakholwa lokho ukuba liqiniso. Bakwenza lokho ngaphansi kobunzima. Futhi ngi—ngi ngeqiniso ngiyabonga ngamadoda amakhulu anje kaNkulunkulu, abathanda ukuthatha indawo yabo njalo lomlandu wendawo yabo ngaphezulu kokukholwa kwabo, njalo—njalo bakholwe. UNkulunkulu ahlale ebusisa!

¹⁶ Njalo ngileqiniso ukuthi bazalenzela kule. Khateshi, nxa ungomutsha lapha, dinga lapho abafowethu laba okulamabandla abo, lapho akhona. Libavakatshela kusasa. Bazakuba lenkonzo eziqakathekileyo, njalo kulaba tshumayeli

lapha abazabe bekhuluma emabandleni ehlukeneyo, njalo njengoba kumenyezalwe. Ngakho libekuwo kusasa.

¹⁷ Njalo ke kusasa emini, nxa ungathanda ukubuya enkozweni yokuvala, singathaba kakhulu ukuba lawe. Wonke amabandla, wonke inhlangano, ngokomuntu wonke. Wonke umuntu uyemukelwa: uMethodisti, umBaptisti, umPrebyteriani, umPhentekhosti, ichurch of Christ, ichurch of God, Khatolika, Orthodox Jew, ongakholwayo, loba uyini. Sonke si... Liyanxuswa.

“Uthi, ‘Ongakholwayo?’” Yebo, mnumzane.

¹⁸ Nxa ongakholwayo engabuya emhlanganweni njalo ehlale phansi njalo aziphathe, yena uyamukelwa njengomuntu wonke. Kuqondile. Enye into, yikho esimfunela khona lapha, ukuthi enye into ingenziwa engamsiza ukubona iphutha lakhe, njalo abuye eNkosini. Ngoba si... Ngempela.

¹⁹ Bangaki abake babala umbono omncinyane owalotshwa kumagazini yaMadoda angoSomabhizimusi angamaKhristu, futhi ngiyakholwa ezilutshwane ezinengi imaga-... eye, *Ukukhangela Ngaphetsheya KweKheteni LeSikhathi?* Manje lokho kuliqiniso, mngane. Awungeke wenelise ukukhutha lokho. Ngi—ngibe ngumuntu owahlukileyo kusukela lapho. Ngiyazi ukuthi kuluqobo, ngakho ngi—ngi—ngiyathemba nje ukuthi akula omunye wenu ozakukhutha leloZulu elikhulu uNkulunkulu olalo lamakholwa. Ungalikhutha, kuyini okwenzileyo lapha emhlabeni? Ngoba, kawusazi isikhathi ozamele utshiye lumhlaba. Kodwa uyazi into eyodwa, ngeqiniso kuzamele uwutshiye wona. Ngakho nxa kuliqiniso lokho, ngakho angeke yini sibe yizithutha kakhulu ukuzama uku—ukufika nje e... Angeke senelise ukuthatha loba yiluphi uhlobo lwethuba. Bona, khumbula nje, kholwa iLizwi likaNkulunkulu futhi laso sonke isithembiso Kulo.

²⁰ Cabanga nje, kuyini okwabangela konke ukugula, konke ukubulawa yinhliziyi, konke ukufa, bonke ubunzima, usizi lonke, lumntwana omncinyane ogogekileyo, zonke into lezi, izilima, iziphofu, zonke izibhedlela ukuba zakhiwe? Ngoba umuntu oyedwa kakholwanga nje ingxenye eyodwa yeLizwi. Lowo kwakungu Eva. USathani walimboza nje kuye. Hatshi ukulitsho njengoba lalinjalo, kodwa walimboza kuye, wathi, “Sibili... INkosi inhle kakhulu.”

²¹ Uyakuzwa kakhulu lamhlanje ngakho kungukuthi, uNkulunkulu esiba nguNkulunkulu omuhle. UnguNkulunkulu omuhle, kodwa khumbula Yena unguNkulunkulu wobungcele, uNkulunkulu ongeke eqe isono. Isijeziso sesabhadalelwa, futhi kumele ukwamukele khona ezindleleni Zakhe. Futhi khumbula, Yena nguNkulunkulu ozodayo, uNkulunkulu othukuthelayo. Futhi uzakuma phambili kukaNkulunkulu ozondileyo, hatshi

nje uNkulunkulu wobuhle lomusa. Kulobubusuku Yena unguMsindisi wakho; ngaloloSuku Yena unguMehluli wakho.

²² Ngakho ubeleqiniso ukuthi awutshiyi lutho olulodwa lungenzwanga, mngani. Aku—akusoze... Akubhadali. Unga—ungayi kukho nje mahlayana. Woba leqiniso, qiniseka ngokuphindiweyo, ngoba kawulitholi elinye ithuba. Leli yilo ithuba lakho kuphela, usaselapha emhlabeni. Khumbula indoda enothileyo lo Lazalo.

²³ Kulodonga olukhulu phakathi laphakathi kwakho Laye, kuzekuthi akula muntu owake waluchapha, kumbe ozafa waluchapha. Bona? Lapho u—lapho ungafa, lokhu sekuphelile. Ngikwayazi abantu bayatsho ukuthi bayathandaza uphume kulezo ndawo, kodwa ungaqali ukukukholwa khona. Lokho kuphikisana leLizwi likaNkulunkulu. Bona? “Indlela isihlahla esilenga ngayo, yiyo indlela esiwa ngayo.” Futhi uJesu wathi, Ngokwakhe, ukuthi, “Kwakulodonga, ukuthi, nxa umuntu engafa njalo ehambe esihogweni, wayengeke (ngitsho) abuye eZulwini. Akula umuntu owake waluchapha lona, njalo kasoze wakwenza.” Lokho kuphelile khona, ngokubona kwami. Lapho uJesu esithi kwakuyikho khona, yikho kwakho konke.

²⁴ Ngakho khumbula nje, khathesi lithuba lakho, futhi lobubusuku kungaba lithuba lakho lokucina.

²⁵ Ungakubamba ukuthi kuyini okwenzakalayo? Nxa nje ungenelisa ukukubona! Ngiyethemba awucabangi ukuthi ngikhuluma kanje, ukuthi ngizama ukukufuzelela ukuthi ukhangele emuntwini othile, kumbe ukholwe othile umuntu. Angenzi lokho, mngane. Ngizama ukukwenza ukuthi ukholwe Lowo esiseBukhoni bakhe khathesi. UJesu Khristu, yena lowo uNkulunkulu ozakwahlulela wena ngaloloSuku, ulapha ezibonakalisa ngoKwakhe ebukhoni bakho, into yona Yena ayithembisayo Yena uzayenza kulezinsuku zokucina.

²⁶ Ngiyacabanga uMfowethu Price, ekuseni lamuhla ekudleni kwekuseni, uphe isibonelo esihle sokubuya ejikweni, ngakho ubusukhona ejikweni. Likukholisile lokho? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Ngeqiniso ngikholisile. Khona sibili, sibili kubekwe kühle.

²⁷ Manje, ngakho khumbula, kwesinye isikhathi ejikweni, kodwa kasikhumbuleni kufanele sikhone emajikweni lawo. Ngatshumayela ngalokho, kwesinye isikhathi, ngakubiza ngokuthi, *Ukuhlangana kwendlela*. Sifika okuhlangana khona indlela, kanengi, kumele sihambe ngale indlela futhi sibhode endleleni ezitshiyeneyo.

²⁸ Manje lobubusuku, okwemzuzu elandelayo emilutshwana, ngifuna ukuthatha isihloko sokuthi—sokuthi: *ILizwi LesiBonakaliso*. Futhi manje inkundla yethu iqala, lobubusuku, eBhukwini lika Exodusi, njalo u *exodusi* utsho “ukuphuma

phandle; ukukhithshelwa phandle.” Manje zama ukulalelisisa ngokwanelisa kwakho.

²⁹ Ngizathanda ukulitshumayeza kwesinye isikhathi, lingumbuthano omuhle, kodwa angila nje iphimbo. Ngisebenzise nje kakhulu lokho, futhi ngiyakwazi ukuthi khona kuzakuba yini. Kufanele ngiphumule kancane khathesi, phose insuku eziyisificaminwembali kumbe ezilitshumi, ngingakaqalisi omunye umhlangano olandelayo. Bona, kawusiwo nje lowu umhlangano lapha kuphela. Yimihlangano, usuku ngosuku, iviki ngeviki, inyanga ngenyanga, umnyaka ngomnyaka, bona, futhi ungakucabanga.

³⁰ Futhi cabanga kuzo zonke izikhathi, umnyaka ngomnyaka, kakukaze kube lalapho Yena ake watsho noma ulutho phandle kokwakuphelele, iqiniso xathu; kuzo zonke indimi, emhlabeni wonke jikelele, kasikhombisa. Bona? Akula muntu, lobangaphi, ongatsho phandle kokungokupheleleyo, xathu kuthe nta, sonke isikhathi. Lapho Yena esithi into ethile izenzakala, yenzakele nje xathu ngayonale indlela. Ukukhulume khona okwamaviki leziinyanga, leminyaka, loba, khona kungakenzakali, futhi kuhlezi kuphelele kuthe nta. Ngitsho lesikhathi esisodwa kusehluleka, futhi akusoze kwahluleka, ngoba nguNkulunkulu. Manje, ngingehluleka, njengomuntu. Ungaveli ungikhangele mina njengomzekeliso, ngoba ngi—nginjengawe, isoni nje esisindiswe ngomusa. Kodwa lo nguNkulunkulu, owedlula imvelo, bona, ezibonakalisa ngoKwakhe. Yena akudingeki ukuthi enze lokho, kodwa Yena wathembisa Yena uzakwenza.

³¹ UJesu walisisa ngoba kungagcwalisa iLizwi. Wenza izinto lezi ngoba ukuthi iLizwi likaNkulunkulu lizagcwaliseka.

³² Yikho Yena akwenzela khona lamhlanje, ukuze iLizwi ligcwaliseke, leli engilikhulume kini, ubusuku ngobusuku.

³³ Manje nanzelela nxa uBukho Bakhe buseduze, Bona, ngeqiniso, Bona buletha amadlabuzane. Njengoba ngikhulumile ekuseni, “Yonke into engela madlabuzane ifile.” Futhi loba yiphi inkolo engela madlabuzane kuyo, kungcono uyingcwabe, ifile. Khona kuletha amadlabuzane. Yena uyasiphilisa. Kodwa nxa sesiphilisiwe, asikhumbuleni Kuyini okusiphilisiweyo. Kuyini okwenzileyo khona? YiBukho bukaMoya oNgewe, uJesu Khristu ephakathi kwethu, ezitshengisa Yena ukuthi Yena uyaphila. Hatshi umzimba obambekayo; ngoba ngaleso isikhathi, lowo mzimba obambekayo uphenduka uvela eZulwini, isikhathi sizabe sesingasekho. Yikho konke. Njalo siyakwazi ukuthi siphakathi, siphila ensukwini zokucina, lapho into lezo sezizakwenzakala.

Manje, uNkulunkulu useke waba lokuphuma kanengi ngemuva. Kulo...

³⁴ Konke kuhamba phakathi kokuthathu, kuNkulunkulu. UNkulunkulu upheleliswa kokuthathu. Ukubuya kokuqala

kukaKhristu, ukuzo *hlenga* uMlobokazi Wakhe; ukubuya kwesibili kukaKhristu, ukuzo *kwamukela* uMlobokazi Wakhe; ukubuya kwesithathu kukaKhristu, *lo* Mlobokazi Wakhe, ukuzobusa kuMileniyamu. Konke kugijima kokuthathu.

³⁵ Manje, bekukhona, kuzakuba khona, ukuphuma okuthathu. Okunye kwakho, uNkulunkulu wabangenisa *phakathi* komkhumbi, ukuze baphume, uhambo phezu komhlaba. Isikhathi esilandelayo, uNkulunkulu wabakhupha *phandle* kwe—kwe Gibhithe. Futhi isikhathi esalandelayo, uNkulunkulu wabathatha baya *phezulu*. Phakathi, phandle, phezulu! Ukuphuma okulandelayo yikuya phezulu. Sikhangelane lokukodwa khathezi, isikhathi sokuya phezulu.

³⁶ Kufana njengempilo yenza into efanayo. Siyanga *phakathi* empilweni, siyaphuma *phandle* kwempilo, sivuselwe *phezulu* empilweni, kuyinto nje xathu efanayo. Ngakho . . .

³⁷ Inkundla yethu lamhlanje ivulwa ku exodusi, futhi uNkulunkulu wayeselungiselela ukuthatha isizwe Sakhe.

³⁸ USrayeli yisizwe. UNkulunkulu kasebenzi loIsrayeli engumuntu ngamunye. USrayeli yisizwe, uhlezi esebenza labo. Futhi ezinsukwini zokucina, ngemva ko—kokuhamba kweBanda, ngakho uNkulunkulu uzasindisa uIsrayeli njengesizwe. Basekhaya labo khathezi, balindele khona. Futhi bazakusindiswa, iBhayibhili latsho, “Isizwe sizazalwa ngosuku olulodwa.” UNkulunkulu kasebenzi lamaJuda bengumuntu ngamunye. Yena usebenza labo njengesizwe, Israyeli, izikhathi zonke, ngoba yisizwe Sakhe.

³⁹ Futhi lapha Yena ulungiselela ukukhupha isizwe Sakhe phakathi kwesinye isizwe, ngokuphuma, ekhupha abantu Bakhe ekwahlulelweni.

⁴⁰ Futhi lawo amanzi agalulisa umhlaba, asindisa uNowa. Bona? Futhi lowo uMoya oNgwele, abantu abawalayo lamhlanje, uzemukela iBanda njalo ulise Lona phezulu, futhi ulethe ukwahlulelwa phezu kokungalikholwa Lona.

⁴¹ UJesu wathi, lapho bembiza Yena ngokuthi, “Belizebhubhi,” ngamanye amazwi, Yena waye “yisanuse,” babe . . . Yena wathi, “Ngizakulixolela ngalokho,” (INdodana yomuntu, umhlatshelo wawungakenziwa.) “kodwa nxa uMoya oNgwele usubuyile ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa eliphikisana Lakho kalisoze laxolelwa kulo umhlaba kumbe emhlabeni ozayo.”

⁴² Kumele kwaliwe, futhike ukwahlulelwa sokutshaya ngemva kwalokho. Bona, udubo yikuthi siya . . .

⁴³ Kungibeka engqondweni yeyinye indaba engayibalayo kwesinye isikhathi, yomunye umtshayeli womkhumbi omdala owayevela elwandle, futhi lo—lo omncane oyimbongi engumNgisi owayesiya elwandle. Futhi imbongi yayibhale okunengi mayelane ngolwandle, kodwa wayengakaze alubone,

ngakho waye sehla esendleleni yakhe. Futhi lumtshayeli omdala wathi kuye, elengidi yakhe esiphela isemlonyeni, wathi, “Kanti uyangaphi, ndoda enhle?”

⁴⁴ Yena wathi, “Ngiya phansi elwandle.” Yena wathi, “Angikaze ngilubone lona. Ngibhale ngalo, futhi lokuthi abanye bathini, kodwa,” wathi, “o, ngiyajabula ukwazi sengisondelela duzane lolwandle.” Yena wathi, “O, ukunuka amanzi alo alesawudo elinengi! Ukubona awalo amakhulu, amhlophe amagagasi epatshaka phezu kwalo, njalo lesibhakabhaka esiluhlaza sizikhazimulisa ngokwaso, njalo ngokuzwa inyoni zolwandle zilokhu ziphapha phezulu, o, ngiyajabula ngokucabanga ukulubona nje lona!”

⁴⁵ Lowo mtshayeli omdala wathi, “Mina ngazalelwa kulo, iminyaka engamatshumi ayisithupha edluleyo, angiboni lutho oluhle ngalo.” Bona, wayesebone okunengi ngalo lwaze lwajayeleka kuye.

⁴⁶ Manje yilo uhlupho ngebandla lePhentekhosti lamhlanje. Selibone okunengi kukaNkulunkulu, uNkulunkulu waze wajayeleka kubo. Ungavumi ngitsho ukuba kukwenze khona!

⁴⁷ Lapha kungasi sikhathi eside esedluleyo, eLouisville, Kentucky. Lapho engivela khona, Jeffersonville, Indiana, kuphetsheya komfula lakho. Owesifazane wayengena esitolo esitshipileyo. Futhi waye...lomfana omncinyane engalweni yakhe, njalo wayesiya emakhawunteni futhi esekhathazeka kakhulu. Wayethatha olunye ulutho, alutshengisa umfana omncinyane; waye nje futhi aqhuzulamehlo. Wayehamba kwenye ikhawunta, futhi adobhe olunye ulutho alutshengise lona umfana omncane; wayeqhuzulamehlo nje. Futhi ngemva kwesikhathi, wasedobha ibhera encane njalo waqala ukuyikhalisa, futhi umfana omncinyane waqhuzulamehlo nje. Futhi waqala ukuhlaba umkhosi, njalo waphosa izandla zakhe phezulu. Futhi abantu ababephakathi kwesitolo esitshipileyo babemkhangele, ngakho basebehamba kuye ukuyadinga ukuthi kuyini okuphambanisekileyo.

⁴⁸ Yena wathi, “Ngilo...Umfana wami omncinyane,” wathi, “uleminyaka emithathu kuphela.” Futhi wathi, “Mina... Ngesikhatshana nje, phose umnyaka odluleyo, uyathatha njalo aphonokuhlala futhi aqhuzulamehlo emoyeni.” Futhi wathi, “Ngi—ngi mhambise kudokotela,” futhi wathi, “futhi udokotela wambhalela imithi ethile lokunye.” Futhi wathi, “Futhi udokotela ungitshelile, lamuhla, ukuthi ucabanga usengecono. Kodwa,” wathi, “akakho ngcono.” Wathi, “Ngizungeze into yonke phambi kwakhe, okumele kukhange umfana omncinyane owemnyaka yakhe, ukukhangwa. Yonke into engakhanga umuntwana wonke omncinyane wemnyaka yakhe, ngiyizungeze phambi kwakhe, futhi uyahlala nje njalo eqhuzulamehlo emoyeni.” Wathi, “Kakho ngcono.”

⁴⁹ Leyo yinto enjenge bandla lePhentekhosti. UNkulunkulu usezungeze sonke isipho, eBhayibhilini, phambi kwabo, futhi lokhu behlezi beqhuzulamehlo emoyeni, kungani nje bekuyinto ephambanisekileyo. Yisikhathi sokuthi sivuke, bangani, kungaka phuzi kakhulu. Khumbula, uNkulunkulu kazungezi lezi zipho ngaphandle Ezama ukukhanga ukukhangela kwakho.

UNkulunkulu wayekhupha isizwe phakathi kwesizwe.

⁵⁰ Njengoba ekwenza Yena khathesi, uzakhupha uMlobokazi aphume ebandleni, etshiya insali yembewu yowesifazana. ABakhethiweyo bazakhutshwa phandle kwebandla. Ibandla ngokwenyama lizahlala lapha lingene ngasekuhlukuluzweni. Laba *abakhethiweyo* kwesinye isikhathi bathiwa “ngabaqanjweyo, abakhethiweyo, insali.”

⁵¹ Kasikhangeleni ukuthi Yena wakwenza njani lapho, ngoba Yena akaguquki indlela Zakhe zokwenza ngazo izinto. UNkulunkulu ulendlela eyodwa yokwenza ngayo izinto, njalo yiyo indlela Yena ayenza ngayo, futhi yiyo indlela elungileyo, izikhathi zonke. Bona ukuthi Yena wakwenza njani, langendlela Yena ayenza ekuyo, futhi thina singakuthi tshazi lokhu.

⁵² Manje, mina ngingofanekisayo, ngeqiniso. Mina angilamfundo. Kufanele ngikhangele emuva ngibone Yena akwenzileyo. Futhi thina safundiswa ukuthi, “IThementi eliDala laliyisithunzi sezinto ezizayo.” Ngakho nxa ngikhangela lapha njalo ngingakaze ngibone isandla sami, futhi ngibone isithunzi sesandla sami, njalo ngile minwe emihlanu, ngiyaba lomqondo omuhle ukuthi lapho isandla sami sifika khona, ngileminwe emihlanu. Ngakho okwenzakala kibo kwakuyimizekeliso yokuba uNkulunkulu wenza njani izinto, indlela Yena ayenza ngayo khona khathesi.

⁵³ Futhi indlela Yena ayenza ngayo khona, Yena kafi eguquke kulokhu. Sonke isikhathi, eBhayibhilini, Yena kafi aguqula indlela Zakhe zokwenza izinto. Kuqhubeka kufanana, ngoba indlela Yakhe yakuqala yokwenza khona yindlela epheleleyo. Ngoba, Yena angeke abelenye indlela, ngoba Yena uphelele, njalo, Yena, indlela Zakhe zonke ziphelele. Khangela ukuthi Yena wakwenza njani.

⁵⁴ UMose wabizwa futhi wageotshwa phambilini ukuthatha lumsebenzi owayeyiwo, owaye—owayewuthethe. UNkulunkulu...

⁵⁵ Manje, ngiyacabanga, nxa lingaxola ngalokhu... Futhi angikutsho lokhu mahlayana. Ngiyakutsho kuphela, kuplatifomu leyi kuphela, a—angazi lutho njalo angifuni ukwazi ulutho ngaphandle kukaNkulunkulu. Manje, ngiyacabanga yikho abazalwani bethu beLatter Rain abaxubanisa khona, bona, bayabekana izandla phezu komunye lamunye njalo babenze abaprofethi labo lokunye. Manje, lokho akukho

eMbalweni. “Izipho lokubizwa akulani lokuphenduka.” Wena uzelwe uyilokho oyikho. Wena uyilokho, ekuqaleni, oyikho.

⁵⁶ Bakhangele labo baFarisi ensukwini ezedlulayo. Babelokukhanya okucinyani nje, ngoba babe. . . babelomthetho, futhi baphila ngomthetho, kodwa ngemuva phansi enhlinziyweni zabo kwakumnyama tshu.

⁵⁷ Futhi kwakukhona owesifazana omncinyane, oyisifebe, eyakhe ifurl. . . impilo yaphambili phezulu *lapha* yayimnyama tshu, yena waye ngolesimilo esibi, kodwa phansi enhliziyweni yakhe wayemiselwe ngaphambili eMpilweni.

⁵⁸ Futhike lapho uJesus, iLizwi, efika enkundleni, lawo maFarisi athi, “LuNdoda nguBhelizebhubhi.” Kwenzani khona? Kwacitsha ukukhanya okuncane ababelakho.

⁵⁹ UJesus wathi, “Lingabaka yihlo, udeveli, njalo lemisebenzi yakhe liyayenza.”

⁶⁰ Kodwa lapho lo omncane, umfazi omubi esiza, futhi wabona iLizwi likaNkulunkulu, wabalazi Lona. Kaliphilanga Lona, kodwa wabalazi Lona. Futhi masinyane Lona likhuluma laye, wathi, “Mina ngiyabona Wena ungumProfethi.” Futhi Yena. . . Wathi, “Mina ngiyakwazi uMesiya uzakwenza lokho.”

Futhi Yena wathi, “Mina nginguye Yena.”

⁶¹ Kwenzani khona? Kwahlambulula ubumnyama njalo bakwenza konke kwaba mhlophe. Kungani? Kwakulembewu eyayilele khonapho, imbewu emisilwe phambili eyayise. . . Kwakungu mqondo kaNkulunkulu umhlaba ungakasekwelwa.

⁶² Kukhona umhlobo owoda weMpilo engaPheliyo. Nxa uleMpilo engaPheliyo, ngakho ke wena ngokwakho wawusemcabangweni kaNkulunkulu umhlaba ungakadalwa. Wena uyisimilo somcabango Wakhe, ngoba okungaPheliyo akuzange kwaqala kumbe ngeke kwaphela. Wena uyingxenyeye yenotho kaNkulunkulu, kokuphela. Khona kuyabonakalisa nje. Sekusiba khathesi. Balawo owodwa umfanekiso ukuthi bawukhulise, lokho yikufa, ngakho inegethivi sokusiba yiphozithivu, ngakho usukuMlobokazi futhi loKhristu, lapho Yena ecabanga. Njengendoda lomfazi, lamhlanje, ngakho uNkulunkulu, uKhristu leBandla bazafana. Manje, abakhethiweyo, babizwa!

UMosi wazalwa, “engumntwana ofaneleyo.”

⁶³ IBhayibhili lathi, ukuthi, omunye wabaprofethi, uJeremiya, uNkulunkulu wathi, “Wena ungakenziwa esibeletshweni sikamama wakho, Mina ngakugcoba ukuba ngumprofethi ezizweni.”

⁶⁴ UJohane uMbhaphathizi, kungani, wabonakaliswa eMbalweni. UIsaya, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa letshumi lambili engakabuyi, wathi, “Yena ulilizwi lalowo omemezayo esenkangala, ‘Lungiselela indlela yeNkosi!’” Futhi

phose iminyaka engamakhulu amane engakabonakali, futhi siyathola, uMalakhi wathi, “Khangelani Mina ngiyathuma isithunywa Sami phambi kobuso Bami, ukuzolungisa indlela phambi kweNkosi.”

⁶⁵ Bona, wayegcotshwe phambilini. Futhike zazinjalo zonke izikhundla zikaNkulunkulu, nxa zibizwe nguNkulunkulu.

⁶⁶ Nxa befundiswa kikhohlo, zinkuni zamabhomba kuphela, bona, angeke kwaba yilutho. Nxa kulitikiti lokudla, ubusuthengisa ubuzibulo ngenxa yetikiti lokudla, uzayekethisa ukuthi uhambe lenhlanganiso kumbe iqembu elithile. Kodwa nxa kungokuka Nkulunkulu, uzakuma lalelo Lizwi, kungenani, ngoba wazalelwa ukuma Lalo.

⁶⁷ UMose, akula omunye owayengathatha indawo yakhe. Akula omunye owayengayenza umsebenzi. Yena wayegcotshwe ukuwenza wona.

⁶⁸ Futhi, bazalwane, dade, nxa uleMpilo engaPheliyo, wagcotshelwa ukwenza into ethile. Mhlawumbe umfazi wendlini olungileyo, mhlawumbe enye into, kodwa akula muntu ongathatha indawo yakho. UNkulunkulu ukwenzele indawo. Ungazami ukuthatha indawo yomunye. Lokho yikulingisela kwenyama, bona, kuyatshengisa ukuthi ikhona into embi ngawe. Wobayilokho oyikho xathu nje, njengoba. Ungabi ngongayisikho.

⁶⁹ Manje, khathesi sithola ukuthi uNkulunkulu wanika uMose izibonakaliso ukutshengisa izitsho lokubizwa.

⁷⁰ Futhi sonke isibonakaliso seqiniso, sonke isibonakaliso seqiniso, esithunywe sivela kuNkulunkulu, i...silelizwi ngemva kwaso. Manje ungehluleki. Lesi yisifundiso sami sokucina kulokhu, bona. Sonke isibonakaliso seqiniso... Manje silezibonakaliso ezingaveli kuNkulunkulu; uSathani angaphose alingisele yonke into ekhona. Kodwa isibonakaliso seqiniso, esithunywe sivela kuNkulunkulu, sile Lizwi likaNkulunkulu ngamuva kwaso.

⁷¹ UNkulunkulu wathi kuMose, “Nxa bengekela ukukholwa ilizwi lesibonakaliso sokuqala, ngakho yenza lesi esinye isibonakaliso phambi kwabo. Futhike nxa bengakuzwa lokho, thatha amanzi nje njalo uwathele phezu komhlabathi.” Njalo kwakuyiso isibonakaliso ukuthi babezagxanyuzwa khonapho egazini labo.

⁷² Nanzelela, futhi ngokufanayo nje Yena esitsho, “Thintitha uthuli enyaweni zakho. Kuzakuba lokubekezeleka kuSodoma leGomorra, lolosuku, kulalelo dolobho elikuphikayo.”

⁷³ Manje *kasidlali* bandla, leli liBandla. UKhristu yilo iBandla. Thina sikuKhristu. Wona uMzimba ongabonakaliyo okaKhristu, sizelwe Kuwo. Awungeke uwujoyine Wona.

⁷⁴ Ngibelemuli yakoBranham okweminyaka engamatshumi emahlanu-lanhlanu, futhi kabazange bangicela ukuba ngizihlanganise lemuli. Ngazalwa nginguBranham.

⁷⁵ Futhi yiyo indlela wena ungumKhristu. Uzelwe ungumKhristu, hatshi ukujoyina kukho. Uzelwe kukho. Wonke umuntu wesaba ukuzalwa. Balendlela ezinhle ezihlanzekileyo zokuthatha isandla esincinyane, kumbe ukusayina ikhadi elincinyane, kumbe isitsha sesawudo esilamanzi kuso. Kayisikho ukuzalwa. Ukuzalwa kuyinto eyesabekayo. Ukuzalwa kuyi—kuyinto embi. Angila ndaba kungaba nxa kusesibayeni sengulube, kumbe e—esibayeni sezifuyo, kumbe phakathi kwendlu yesibhedlela eeciswe ngephinki; ukuzalwa kuyenyanyeka, njalo kukwenza wenyanyeke. Awufuni kuyekela, awufuni *lokhu*, *lokhuyana*, kumbe *okunye*, kodwa inyembezi zizageza ipenda ebusweni bakho njalo kukwenze ube ngumuntu owahlukileyo. Nxa uzelwe kutsha, kuzakukwenza wenyanyise, kodwa uzaphuma phandle uyisidalwa esitsha. Bona? Abakufuni lokho. Bafuna indlela ethile elula, uyakwazi, futhi akula indlela ezilula. Njengengoma, wathi, “Ngizathatha indlela labeNkosi abalutshwana abadelelwayo.” Yena kafuni ukuba yisilimo esikhuliselwa emangilazini.

Sonke isibonakaliso seqiniso sikaNkulunkulu silandelwa liPhimbo likaNkulunkulu.

⁷⁶ Manje nxa umuntu enikeza isibonakaliso elizweni, kumbe sikhathibani, njalo lelolizwi alikhulumayo ngamuva kwaso kungayisilo iLizwi likaNkulunkulu, ngakho likukhangele, lingakukholwa. Nxa isikolo esidala esithile, nxa umuntu engaphakama futhi ethi, atshengise isibonakaliso esivela kuNkulunkulu, futhi imfundiso yomuntu lowo yimfundiso yenkolo endala ebelilayo yonke le imnyaka, uNkulunkulu kazange athumele leso sibonakaliso. Khangela emuva eMbhalweni futhi ubone nxa kwakunjalo. Dinga eMbhalweni. Lundoda aphenduke, futhi wathi, “Manje sonke sifuna ukujoyina *kulokhu*. Yindaba eyamiswa kudala.” Lingakukholwa lokho. Siya ngena kukho, okwemzuzu emlutshwane, bona. Hatshi, ungakukholwa lokhu.

⁷⁷ UNkulunkulu uhlezi eqinisa izibonakaliso Zakhe. Isibonakaliso sikaNkulunkulu sihlezi sikhuluma iLizwi likaNkulunkulu.

⁷⁸ Futhi nxa kuyisikolo esidala obulaso, Yena uzanikelani isibonakaliso? Usuvele ukuso. Yena uzama ukukubeka kulelo jiko. Isayini yokuma! Hamba kancane! Khangela lapho oyakhona! Uzazilahla ngokwakho ejikweni nxa ungakhangele. Likhona ijiko eligobe kakhulu, futhi kuhlezi kulesayini ungakafiki lapho okugobe khona, ukuze ungatshayeledi. Abakhi abaqondileyo bomgwaqo bayapha amasayini. Futhi thina sihamba emgwaqweni sisiya eNkazimulweni. Futhi nxa

isibonakaliso sikhuluma ngento yakudala efanayo, asiveli kuNkulunkulu.

⁷⁹ UNkulunkulu uyapha izibokaliso ukukhanga ukulalela kwabantu Bakhe. Izibonakaliso ngezokukhanga ukulalela kwabantu bakaNkulunkulu, izibonakaliso zikaNkulunkulu zinjalo. Izibonakaliso zikaNkulunkulu zinikwelwe ukukhanga ukulalela kwabantu bakaNkulunkulu.

⁸⁰ Manje lapha isihlahla esibhebhayo kwakuyisibonakaliso sokukhanga umprofethi, ukuzama, ngoba umprofethi wayebalekele khatshana loNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wamupha isihlahla esibhebhayo ukuba yisibonakaliso. Futhi wabona lesi isibonakaliso esingajwayelekanga; wathi, “Ngizaphambukela eceleni ukubona ukuthi siyini lesisibonakaliso esingajwalekanga, ukuthi i— isihlahla siyabhebha njalo kasitshi.” Manje uNkulunkulu wayekhanga ukulalela komprofethi Wakhe owabalekayo. Yena wayengakwanisa ukuthola omunye, kodwa Yena wagcobela uMose umsebenzi futhi akula omunye ongathatha indawo yakhe.

⁸¹ Ehambweni, abanye abafu bazama ukukwenza, uyazi. UDathani waphakama njalo wafuna ukwenza inhlanganiso kukho khona. UNkulunkulu watshela uMose, “Zahlukanise. Mina ngizabaginya.” Bona?

⁸² UNkulunkulu usebenza lomuntu ngamunye. Bona? Khathesi nanzelela lokhu, Yena wayezama ukukhanga ukulalela komprofethi, ukuthi abeke umprofethi endaweni yakhe elungileyo, bona, futhi Yena wapha isibonakaliso sesihlahla esibhebhayo.

⁸³ Futhi, khangela, iLizwi elalandela isibonakaliso kwaku iLizwi loMbhalo. “Ngizwile ukukhala kwabantu Bami, njalo lokububula kwabo, ngenxa yabancindezeli, njalo ngiyakhumbula isithembiso Sami.” Amen. Lokho kuqeda indaba. “Mina ngiyakhumbula isithembiso.” Lelo kwakuliLizwi loMbhalo. “Futhi ngiyakuthuma wena phansi khonale. Mina sengehlile ukuzobakhulula, futhi Ngithuma wena.”

⁸⁴ Khumbula, uNkulunkulu kenzi lutho okungaphandle komuntu. Liyakwazi lokhu? Yikho okukhuba abantu. Bona?

⁸⁵ Yikho okwabakhubayo mayelana ngoJesu. Bona bathi, “Wena unguMuntu, uzenza wena uNkulunkulu.” Yena wayenguNkulunkulu, kodwa babengakuzwisisi. “Awu, Wena, unguMuntu nje.”

⁸⁶ Yena wathi, “Hawuke, libiza abaprofethi, ‘onkulunkulu,’ njalo umthetho wenu wakunanzelela. Futhi nxa libabiza ‘onkulunkulu,’ labo iLizwi likaNkulunkulu elafika kubo, lingangicala njani Mina nxa ngisithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu?”

⁸⁷ Bona, izibonakaliso, ukukhanga ukulalela. Futhi, khumbula, nxa ukulalela kungakhangwa njalo kungumzila omdala ofanayo, kayisuye uNkulunkulu.

⁸⁸ Kodwa uNkulunkulu uzama ukukhanga umprofethi manje, futhi Yena umnika isibonakaliso, njalo iLizwi elalandela isibonakaliso lali liLizwi loMbhalo. “Ngibonile abantu. Ngizwile ukukhala kwabo. Ngiyakhumbula isithembiso Sami.”

⁸⁹ Manje uNkulunkulu uzakhuluma ngeLizwi Lakhe elithenjisiweyo. Kufanele Athumele umprofethi Wakhe, ngoba iLizwi libuya kumprofethi. IBhayibhili lathi, uNkulunkulu wathi, Ngokwakhe, ukuthi, “Akayenzi lutho aze Akwambule khona kunceku Zakhe abaprofethi kuqala.” Bona? Futhike, isibonakaliso sinikeziwe, futhi uMbhalo ubonakalisiwe, yilo iLizwi lesibonakaliso.

⁹⁰ Bona iLizwi lesibonakaliso, likaMose? Kuqala, isibonakaliso kwakuyisihlahla esibhebhayo; iLizwi kwakunguMbhalo.

⁹¹ UMose wathatha lokho njengesibonakaliso Sakhe, futhi wehla waya phansi eGibhithe futhi wenza isibonakaliso uNkulunkulu amtshela sona; njalo isibonakaliso sasileLizwi kuso, futhi abantu bakholwa njalo basebephuma phandle. Njalo lapho kuphela bematsha, babesenza kuhle; kodwa lapho beqala ukukhonona bemelana leLizwi, ngakhoke bema.

⁹² Khumbula, uSrayeli wahamba. Belikwazi bafika khatshana okunganani? Kwakumele ngabe... Kwakungamamayila angamatshumi amane kuphela, njalo kwathatha iminyaka engamatshumi amane bekwenza lokhu. Ngenxayani? Kungenxa yokuba bathandabuza bemelana leLizwi elaletsha isibonakaliso. Kabakwazanga njani, lapho bememeza ngaphansi ngale phansi ekhunjini, njalo begida beseMoyeni, loMose ehlabela eseMoyeni, kwakukhatshana insuku ezilutshwana kuphela. Kodwa baqala ukukhonona, njalo bafuna ukwenza enye into eyahlukileyo; futhi bahlala iminyaka engamatshumi amane enkangala, njalo babhubhela bekuyo, kuqondile lokhu, ngoba kabakholwanga. UNkulunkulu wathi, “Kabakhulumi bemelana lawe, Mose. Bakhuluma bemelana Lami.” KwakuliLizwi likaNkulunkulu, hatshi uMose.

⁹³ Manje khangela, UJehova uzakhuluma Yena ngeLizwi Lakhe elithenjisiweyo, ngakho kufanele Yena athume abaprofethi Bakhe. Ukuthi, nxa ufuna ukubona lokhu, kukuGenesisi 15:16. Siyathola ukuthi uNkulunkulu watshela uAbrahama, “Inzalo yakho izahamba elizweni labofokazi, njalo ngizakubakhupha ngesandla esilamandla. Ububi bamaAmori abukagcwaliseki.” Konke okwezithembiso Zakhe aziphayo Yena, lapha Yena ukhanga umprofethi, ngesihlahla esibhebhayo.

⁹⁴ Manje nxa isihlahla esibhebhayo sasingathi, “Mose, uNkulunkulu nguNkulunkulu.”

“Yebo, ngiyakukholwa lokho.”

95 “O, uyenza kahle, Mose, uhlale usenza njalo. Wathatha umfazi olungileyo; ungumntwana omuhle. Ulendodana ekahle sibili! UDumo kuNkulunkulu!” Yisikolo esidala esifanayo. Bona?

96 Kodwa Wayeselungele ukwenza enye into, ngakho Wayefanele ukukhanga indoda. Futhi Yena wapha lundoda izibonakaliso ezimbili ukuba enze, njalo wathi, “Isibonakaliso ngasinye sasile Lizwi.” Lokhu kutshengisa ukuthi kunjalo. Manje khangela lawa Mazwi akukhulumayo, loba ukudala. UJehova wayeselindele ukukhuluma manje.

97 Futhi, ukubuya komprofethi kuyisibonakaliso. Belikwazi lokho? Ukubuya komprofethi, esizukulwaneni, kuyisibonakaliso.

98 Manje, angitsho uDokotela wezeNkolo. Angitsho umelusi othile othembekileyo, umuntu olungileyo. Bona bakahle. Bona zinceku zikaNkulunkulu.

99 Kodwa umprofethi uyisibonakaliso. Litsho njalo iBhayibhili lapha. Futhi ngesani isibonakaliso? Yisibonakaliso sokuthi iLizwi Lakhe selilungele ukugcwaliseka, ukugcwaliseka ngeLizwi lesibonakaliso somprofethi.

100 Nanzelela, ukubuya komprofethi yisixwayiso sesibonakaliso sokwahlulelwa okuseduzane. Belikwazi lokho na? Ukwahlulelwa kulindele ukutshaya nxa kulomprofethi elizweni.

101 Khumbula, ukwenzile sibili, okokuqala, kufanele ukuthi aqiniseke nguNkulunkulu leLizwi lalolo suku, futhi abesenza isibonakaliso. Futhike khangela lesi sibonakaliso, lokho athi kuzakwenzakala. Wathi, “Nxa kugcwaliseka, manje ke limlalele.” Amanani 12:6. “Nxa kungagcwalisekanga, khohlwani ngakho.” Kufanele kube yisibonakaliso soMbhalo Asiphayo.

102 Futhi Yena lokho akuphayo okwesibonakaliso, kwesinye isikhathi, nxa Yena engofanayo izolo, lamuhla, njalo laphakade, Yena uqhubeka ekuletha ngokufanayo. “ILizwi leNkosi labuya kubaprofethi.” Bona babe liLizwi. Futhi lapho uJesu ebuya, Yena waye liLizwi. Njalo iLizwi ladalula imicabango lezindlo zenhliziyi, kokuphela, kusiya futhi kusiya. Manje khangela.

103 Ukubuya komprofethi lowu, kupha isibonakaliso, sokuthi, “ukwahlulelwa kuseduze,” njalonje.

104 Kasimeni okwemizuzu nje emilutshwane. Kangiyi kuthatha isikhathi eside. Asikhangeleni ababili manje, phose okwemizuzu elitshumi. Futhi lombiko wonke, sithi, okwemizuzu elitshumi.

105 UNowa, umprofethi elizweni—elizweni, isibonakaliso sokwahlulelwa okuzayo. UMose, umprofethi elizweni, isibonakaliso sokwahlulelwa okuzayo. UEliza, umprofethi elizweni, isibonakaliso sokwahlulelwa okuzayo. UJohane,

umprofethi elizweni, isibonakaliso sokwahlulelwa okuzayo kuLsrayeli; baqunywa ngeqiniso.

¹⁰⁶ Nanzelela, isibonakaliso! Siyenzani isibonakaliso? Isibonakaliso ngesokukhanga ukulalelwa, futhi silungiselele abakhethiweyo, futhi basuswe ukwahlulelwa kungakatshayi. Yikho uNowa akwenzayo, walungiselela abakhethiweyo. Abanye bonke, futhi kwenzani? Isibonakaliso, futhi leLizwi lesibonakaliso, kwethesa umlandu ongakholwayo futhi kumlungiselele ukwahlulelwa. Khona kulungiselela abakhethiweyo ukuphepha. Yikho okuyisibokaliso. Yikho izibonakaliso eziphiwelwe khona, ukwahlulelwa okuzayo. Kwabakhethiweyo, bayakubona.

¹⁰⁷ Njengowesifazana omncinyane olenhliziyo emsulwa, futhi lomzimba ongcolisileyo; lomFarisi omlomzimba omsulwa, futhi lenhliziyo engcolileyo. Khona kwethesa omunye umlandu, njalo kwasindisa omunye.

¹⁰⁸ Futhi khona ukwahlulelwa okufanayo khona okwasindisa uMose, kwalahla umhlaba; ukutshumayela kwakhe.

¹⁰⁹ Khona kulungiselela abakhethiweyo. Abakhethiweyo balungelani na? Nxa bebona isibonakaliso esithunyelwe nguNkulunkulu, bayakhangela ngemva eMbhaweni futhi babone nxa lokho kufanele kube khona. “Yebo, nanko lapha.” Kuyini lokho? Ukwahlulelwa okuzayo. Ngakho abakhethiweyo bayalalela iLizwi.

¹¹⁰ Kodwa abangakhethwangwa abanaki, njalo bayathi, “Akulanqondo. Qhubekani! Sizathatha okufanayo okwesikolo esidala.” Bona? Yiyo indlela abenza ngayo ngezinsuku zikaLuther. Yiyo indlela abenza ngayo ngezinsuku zikaWesley. Yiyo indlela abenza—abenza ngayo khathesi, indlela abahlezi besenza ngayo.

¹¹¹ Kodwa yisibonakaliso, njalo kuleLizwi elilandela isibonakaliso. Futhi iLizwi laziswa njenge Lizwi loMbhaweni. Manje lingakukhohlwa lokhu. Manje liqhubeke lingenisa lokho, ngoba ngingangaphindi ngilibone futhi.

¹¹² Ngiyafisa aluba ngilendlela ukuthi ngibuye phansi lapha kwenye indawo njalo ngithathe bonke abazalwane bami, lapho bengela mvuselelo eqhubekayo, babeke ithente futhi sihlale nje, usuku ngosuku, futhi sifundise kuze—kuze kungene kuthophele sibili. Kodwa Yena kasoze akuvumele lokhu, angicabangi. Bona, siseduze kakhulu lesiphetho. Ngiyakholwa khona khathesi sesikucineni manje.

¹¹³ Ebhukwini lami phakathi lapho, engikugcina kubhalwe phansi. Ngo 1933, ngenye ikuseni, ngilungela ukuya esikolweni seSonto, isikolo seSonto seBaptisti lapho engangingumfundisi khona, uMoya oNgcwele wehla futhi wangitshengisa phansi kusiya esikhathini sokucina, futhi wangitshengisa izinto

eziyisikhombisa ezazizakwenzakala. Ngazibhala phansi. Liphepha elidala elilithanga.

114 Ngatshelwa khona kanye ukuthi iGermany izakwakha njani leyo Siegfried Line, lokuthi abeMelika bazatshaywa kakhulu njani kuyo, iminyaka elitshumi lanye u—umdule ungakakhiwa.

115 Watsho ukuba uMussolini uzaphakama njani, lokuthi uzahamba njani eEthiopia, lokuthi iEthiopia iza “kuwa njani ezinyathelweni zakhe.” Futhi uzakufa ukufa ngehlazo njani, ebekwe egonqomisiwe phansi, futhi labantu bakhe bezamkhafulela.

116 Futhi ngathi, “Kule nkolo ezintathu: iSikhomanisi, iFasizimu, lesiNazizimu. Zonke zizacina ziphumela eRussia, kusiKhomanisi.” Futhi kuza iKath-...bhidliza isiKatholika. Khangelani nxa ingasoze!

117 Ngathi, “Ingqubekela phambili engako izakwenzakala!” Ngathi, “Ngiyabona imota zikhangeleka njengeqanda, zihamba zisehla esitaladeni. Kule zimota ezihamba zisehla ngemgwaqo emkhulu, zilohlobo oluthile lokutshayelwa, akudingeki ukuthi baziholele. Ngabona imuli yeMelika bedlala umdlalo wedrafti ngemuva emoteni.” Sebelayo imota khathesi, nxa nje bengaba lemigwaqo emikhulu zokuyibeka khona. IVolkswagen encane liqanda elipheleleyo, khona sibili nje, njalo zinjalo ezinye zonke imota. Ungakucabanga, ngo 1933, ukuthi zazikhangeleka njani imota, kulakhathesi?

